



UKUSHICILELWA KWESIKHWAMA

SEPTEMBER 2025

Umshwalense Wokungcwaba (Ifomu Labazuzi)

Kubalulekile ukuhlala unolwazi oluyilo. Ukuhambisana nezidingo zomshwalense wenzuzo yomngcwabo, manje sekudingeka ukuba amalungu aqoke abantu ababili abavumeleke ukufaka isicelo sezimali zokuwangcwaba uma kwenzeka ilungu lishona. Sisebenzisana kakhulu nomqashi ukuze kube lula ukugcwaliswa kwalamafomu abuyekeziwe abahlomuli. Uma ungakalilethi ifomu lakho, siyakunxusa kakhulu ukuba wenze njalo ngokushesha ukugwema ukubambezeleka kokusetshenzwa kwesicelo sakho.

BENEFITS

Ukuqonda isigatshana sika 37C: Umthetho Sisekelo Wezimpesheni – Kwizicelo Zokushona

Isigatshana sika 37C somthetho sisekelo wezimpesheni silawula ukuthi imihlomulo yezimali zokushona ihlukaniswa kanjani uma ilungu lidlula emhlabeni. Ngokuphambene nenkolelo evamile, lemihlomulo ayiveli ibe yingxenye yamafa kamufi ngokuzenzakalela kanti ayinqunywa yincwadi eyaba amafa noma ngefomu lokuqokwa.

Umsebenzi wesikhwama wokuphenya

Uma ilungu selishonile, ibhodi labaqondisi libophezelwe ngokomthetho ukwenza uphenyo olunzulu ukuveza bonke abebenzike kulo nalabo abebeqokiwe. Lokhu kubala omondliwa abasemthethweni (isibonelo: umadondana, izingane), abanobufakazi bokondliwa (isibonelo: noma imuphi umuntu obencike ngokwemali kwilungu), kanye nabaqokwa.

Ukuhlukaniswa okufanelekile nokulinganayo


Ibhodi labaqondisi kumele labe imihlomulo yokushona ngendlela efanele nelinganayo — hhayi njalo ngokulinganayo — ngokuqikelela izidingo zemali, iminyaka yobudala, ubudlelwano, kanye nezinga lokuthembela kwilungu komhlomuli ngamunye.

Izikhathi ezimisiwe

Izikhwama zempesheni zinezinyanga ezingu 12 kusukela ngosuku lokushona kwelungu ukuqeda uhlelo lokukhokhela abahlomuli kusukela. Uma omondliwa bengatholakali, imihlomulo igcina ikhokhelwe kwisigaba samafa.

Okubalulekile ongakuthatha

Isigatshana sika 37C sivikela omondliwa abanokulinyazwa ukungazi ngokukhokhwa kwemihlomulo yokushona kanti siphinde siqikelele ukuthi imihlomulo yokushona ihlukaniswa ngozwelo nokungakhethi — kodwa lokhu kuphinde kuchaze ukuthi kungaba nokubambezeleka kanti nophenyo luyingxenye ebalulekile yaloluhlelo.





KZN
MUNICIPAL PENSION FUND
Together We Grow Your Wealth

UKUSHICILELWA KWESIKHWAMA



SEPTEMBER 2025

Izicelo zezehlukaniso (Izinguquko ezintsha zomthetho)

**USHINTSHO
KWIZICELO
ZEZEHLUKANISO
ZAMALUNGU
ASESEMPESHENINI
KUSUKELA KUMHLAKA
1 KU SEPTEMBER 2024**



Uma usuku lwesehlukaniso sakho lungaphambi komhlaka 1 September 2024 – asikho isicelo semali sesehlukaniso okumele senziwe.



Uma usuku lwesehlukaniso sakho lungemuva komhlaka 1 September 2024 – izicelo zemali zesehlukaniso sezivumelekile.



UKUCACISELEKA KULOLUSHINTSHO LWEZOMTHETHO, UNGATHINTANA NEHHOVISI LESIKHWAMA

Usithola kanjani isitatimende sakho semihlomulo

1. Ingosi Yamalungu

Isikhwama sinengosi yamalungu lapho ungangena khona uthole izitatimende zezimali zakho. Vakashela ku: www.fairsure.co.za. Kulengosi, kunesigaba esibhekelele isimo sobulungu bakho (usasebenza, usempeshenini, nokunye) lapho ungabheka uphinde uzitholele isitatimende sezimali zakho zempesheni.

Uma idinga imininingwane yokungena kulengosi thumela umyalezo nge email info@kznmpf.org ufake inombolo yakho yomsebenzi noma ubathinte ngocingo ehhovisi lezikhwama kwinombolo ethi **0313229001**

2. Ukucela nge email

Uma ungakwazi ukungena kwingosi, ungathinta isikhwama ucele isitatimende sakho khona. I-email esetshenziselwa ukuthumela izitatimendefor ithi: statements@kznmpf.org ufake inombolo yakho yomsebenzi uma usuthumela umyalezo nge email.

3. Ihhovisi lesikhwama noma ukuboniswa kwangaphakathi esikhwameni

Uma ungakwazi ukuthumela umyalezo nge email noma ngezindlela zokuxhumana nge inthanethi, ungavakashela ihhovisi lesikhwama:

Ikheli: **Ibhilidi elizwa nge The Marine, esitezi sika 16, elingunamba 22 emgwaqeni uDorothy Nyembe, eThekwini.**

